



# basic education

Department:  
Basic Education  
**REPUBLIC OF SOUTH AFRICA**

## **SENIOR CERTIFICATE EXAMINATIONS/ NATIONAL SENIOR CERTIFICATE EXAMINATIONS**

**ISIZULU ULIMI LWASEKHAYA (HL)**

**IPHEPHA LESIBILI (P2)**

**2021**

**AMAMAKI: 80**

**ISIKHATHI: Amahora ama- $2\frac{1}{2}$**

**Leli phepha linamakhasi angama-32.**

## IMIYALELO KANYE NOLWAZI KWABAHLOLWAYO

1. Fundiswa kahle imiyalelo ngaphambi kokuba uqale ukuphendula imibuzo.
2. Ungafundi imibuzo yonke yephepha. Qala ubheke uhla lokuqukethwe olukhonjisiwe bese ukhetha imibhalo oyifundile kulo nyaka. Emuva kwalokho, funda imibuzo yaleyo mibhalo bese ukhetha imibuzo ozoyiphendula.
3. Leli phepha LINEZIQEPHU EZINTATHU:  

ISIQEPHU A:	Izinkondlo	(30)
ISIQEPHU B:	Inovelii/Ubuciko bomlomo	(25)
ISIQEPHU C:	Umdlalo	(25)
4. Phendula imibuzo EMIHLANU isiyonke: ISIQEPHU A: Imibuzo EMITHATHU, ISIQEPHU B: Umbuzo OWODWA, ISIQEPHU C: Umbuzo OWODWA njengoba kukhonjisiwe ngezansi.

ISIQEPHU A: IZINKONDLO

IZINKONDLO EZIMISELWE – Phendula noma yimiphi imibuzo EMIBILI.  
INKONDLO ENGAMISELWE – UPHOQELEKILE ukuphendula lo mbuzo.

ISIQEPHU B: INOVELI/UBUCIKO BOMLOMO

Phendula umbuzo OWODWA.



ISIQEPHU C: UMDLALO

Phendula umbuzo OWODWA.

5. INDLELA YOKUPHENDULA IMIBUZO YESIQEPHU B (INOVELI/UBUCIKO BOMLOMO) KANYE NEYESIQEPHU C (UMDLALO).

- Phendula KUPHELA umbuzo wenoveli/ubuciko bomlomo kanye nomdlalo owufundile.
- Phendula UMBUZO OWODWA OMUDE kanye NOWODWA OMFUSHANE. Uma ukhetha ukuphendula umbuzo omude ESIQESHINI B, kufanele uphendule umbuzo omfushane ESIQESHINI C. Uma ukhetha ukuphendula umbuzo omfushane ESIQESHINI B, kufanele uphendule umbuzo omude ESIQESHINI C. Sebenzisa uhla oluyinkomba lokuphendulwa kwemibuzo ukuze lukwelekelele ekukhetheni imibuzo.

## UBUDE OBULINDELEKILE BEZIMPENDULO

- Impendulo yombuzo omude ezinkondlweni mayibe ngamagama ayi-190 kuya kwangama-240.
- Izimpendulo zemibuzo emide enovelini/ebucikweni bomlomo kanye nasemdlalweni mazibe ngamagama angama-340 kuya kwangama-390.
- Ubude bezimpendulo zemibuzo emifushane buyolekelelwa amamaki anikeziwe okuyiwona ayolawula ohlolwayo ukuthi kumele aphendule kangakanani. Abafundi mabaqaphele ukuthi bangathemelezi kodwa baphendule okubuziwe.

7. Landela ngokucophelela imiyalelo oyinikeziwe ekuqaleni kwaleso naleso siqephu.
8. Qaphela ukuthi izinombolo ozisebenzise ezimpendulweni zakho ziyahambisana nalezo ezisetshenziswe abahlolayo emibuzweni.
9. Qalisa ISIQEPU NGASINYE ekhasini ELISHA.
10. Ukusetshenziswa kwasikhathi kungahlelwa ngale ndlela:  
  
ISIQEPU A: Imizuzu engama-40  
ISIQEPU B: Imizuzu engama-55  
ISIQEPU C: Imizuzu engama-55
11. Bhala ngobunono nangesandla esibonakalayo.

**OKUQUKETHWE**

Leli khasi liyolekelela abahlolwayo ukuba bakhethe imibuzo abazoyiphendula ngaphandle kokufunda imibuzo yephepha lonke.

**ISIQEPHU A: IZINKONDLO**

**Izinkondlo ezimiselwe: Phendula noma ngabe yimiphi imibuzo EMIBILI.**

INOMBOLO YOMBUZO	UMBUZO	AMAMAKI	INOMBOLO YEKHASI
1. 'Nyuvesi YakwaZulu'	Umbuzo omude	10	6
2. 'Izibongo ZikaKufakezwe'	Umbuzo omfushane	10	7
3. 'KwaNdongaziyaduma'	Umbuzo omfushane	10	8
4. 'Nkosi Sikelele' i-Afrika'	Umbuzo omfushane	10	10

**KANYE**

**Nenkondlo engamiselwe: Uphoqelekile ukuphendula lo mbuzo.**

5. 'Ngiyafis' Ukwethembeka'	Umbuzo omfushane	10	11
-----------------------------	------------------	----	----

**QAPHELA:** Phendula UMBUZO OWODWA OMUDE kanye NOWODWA OMFUSHANE. Uma ukhetha ukuphendula umbuzo omude ESIQESHINI B, kufanele uphendule umbuzo omfushane ESIQESHINI C. Phendula umbuzo OWODWA ESIQESHINI B kanye nowodwa ESIQESHINI C.

**ISIQEPHU B: INOVELI/UBUCIKO BOMLOMO**

**INOVELI: Phendula umbuzo OWODWA kule noveli emiselwe.**

6. Bengithi Lizokuna	Umbuzo omude	25	13
7. Bengithi Lizokuna	Umbuzo omfushane	25	13
8. Usumenyezelwe-ke Umcebo	Umbuzo omude	25	16
9. Usumenyezelwe-ke Umcebo	Umbuzo omfushane	25	16
10. Kunjalo-ke	Umbuzo omude	25	18
11. Kunjalo-ke	Umbuzo omfushane	25	18
12. Impi Yabomdabu Isethunjini	Umbuzo omude	25	20
13. Impi Yabomdabu Isethunjini	Umbuzo omfushane	25	20

**NOMA**

**UBUCIKO BOMLOMO: Phendula umbuzo OWODWA kolobu buciko bomlomo obumiselwe.**

14. Uju Lwezizukulwane	Umbuzo omude	25	22
15. Uju Lwezizukulwane	Umbuzo omfushane	25	22

**ISIQEPHU C: UMDLALO**

**Phendula umbuzo OWODWA kule midlalo emiselwe.**

16. Kudela Owaziyo	Umbuzo omude	25	26
17. Kudela Owaziyo	Umbuzo omfushane	25	26
18. Awuwelwa UMnjeni	Umbuzo omude	25	28
19. Awuwelwa UMnjeni	Umbuzo omfushane	25	28
20. Ubhuku Lwamange	Umbuzo omude	25	31
21. Ubhuku Lwamange	Umbuzo omfushane	25	31

**QAPHELA:** Phendula UMBUZO OWODWA OMUDE kanye NOWODWA OMFUSHANE ESIQESHINI B kanye NASESIQESHINI C. Akuvumelekile ukuphendula imibuzo EMIBILI emide noma EMIBILI emifushane.



**Uhla oluyinkomba yokuphendulwa kwemibuzo.**

Emuva kokuphendula imibuzo yaleli phepha sebenzisa lolu hla oluyinkomba yokuphendulwa kwemibuzo ukuze ube nesiqiniseko sokuthi uyikhetho ngokufanele imibuzo okulindeleke uyiphendule.

ISIQEPHU	INOMBOLO YEMIBUZO	INANI LEMIBUZO EPHENDULIWE	THIKA
A: IZINKONDLO (Ezimiselwe)	1–4	2	
A: INKONDLO (Engamiselwe)	5	1	
B: INOVELI (Umbuzo omude NOMA omfushane)	6–13	1	
B: UBUCIKO BOMLOMO (Umbuzo omude NOMA omfushane)	14–15	1	
C: UMDLALO (Umbuzo omude NOMA omfushane)	16–21	1	
<b>QAPHELA:</b> ESIQESHINI B no C, qinisekisa ukuthi uphendule umbuzo OWODWA OMUDE kanye nombuzo OWODWA OMFUSHANE. Awuvumelekile ukuphendula imibuzo EMIBILI emide noma imibuzo EMIBILI emifushane.			
ESIQESHINI B, khetha phakathi kwenoveli nobuciko bomlomo, uphendule UMBUZO OWODWA, ungaphenduli ngazo zombili lezi zinhlobo zemibhalo.			

## ISIQEPHU A: IZINKONDLO

### IZINKONDLO EZIMISELWE

Phendula noma yimiphi imibuzo EMIBILI kulena emine ebuziwe elandelayo.

### UMBUZO 1: UMBUZO OMUDE

Fundisa le nkondlo bese uphendula imibuzo elandelayo.

#### NYUVESI YAKWAZULU – LF Mathenjwa

1 INgqungqul' eshay' amaphiko phezu koMhlathuze  
2 UMhlathuze wakhophoza  
3 Ukhozi oluvul' amaziphokazi ezintabeni zoNgoye,  
4 UNgoye lwasaba nokulwehlela  
5 Ubhakubha olungezindlu zinde zishay' ezulwini  
6 Inkunz' egweba ngepensela ezinye zigweba ngophondo  
7 Indab' engiyizwe ngimncane ngakhula ngayibona ngamehlo.  
  
8 Umzondo abawunyathele KwaZulu ukunuka kwezwakala eXhoseni  
9 Kuze kwasa abeSuthu kwaMshweshwe beqaqanjelwa amakanda  
10 Ilangab' elihangul'izikhatha zase-Afrika kwasha amabibi phesheya  
11 Ngikhulumma namuhla o-Cambridge no-Oxford abawuval' umlomo  
12 0-Fort Hare no-Turfloop bakhwacel'  
13 Imisidlan' okwengcanga ibon' ikhonde.  
  
14 Gobhoza njalo mfula wolwazi uphuzis' i-Afrika  
15 Ngifike isisu simboqo ngaphuma sesimapaklazana  
16 Ngeswele ezinkulungwane ngangihuba ngikuhayele sibani soluntu  
17 Izinkulungwane ezidlula kuwe aziwuvali chibi lolwazi  
18 Bayingcosan' abaphuza kuwe kungacimeki ukoma.  
  
19 Ngitshele mfazindini zingaki ezakho izimbiza?  
20 Ngibuze kwelamaXhosa bangawuval' umlomo  
21 KwelikaMabuza kaNgwane uyintokaz' eyisilomo  
22 AbakoMshweshwe namanje beswel' imilomo  
  
23 Uyadel' ophuze kuleso sizib' esinzonzo sakonolwazi  
24 Uphuthelwe ongacaphunanga kuleyo mbenge yolwazi.  
25 Sizib' esimavivane sikaNomfundo noNompumelelo  
26 Ngibe ngiyakugasela ngashaywa uvalo kwafik'isiyezi  
27 Ngikubon' unyakazisw' inkanyamb'uNolwazi  
28 Intengo yezaqheqhe noju lwakho ingilethel' uhlevane  
29 Ngitshele Nhlalamafini wena wakoNomfundo yini imfhlo yakho?  
  
30 Eyalo muz' impilo ingamagquma namathafa  
31 Babodwa abakaNokungcebeleka nabakaNomfundo  
32 Imini nobusuku kulo muzi kuyazifanel  
33 Izinkulungwane ziylimisalela yoMhlathuze nama Semester  
34 Ngomzabalazo kufik' abakwasidlodlo kugcwal' ithafa  
35 Zigemegeme zomz' omkhulukazi wasoNgoye.

- |    |  |
|----|--|
| 36 | Ngikuthanda ngokungacwasi ngabala nabuzwe mfazindini |
| 37 | Angibonaze ngikuzwe uhlung' ubandlulula              |
| 38 | Yonkana eye-Afrika ingabadi izalwa nguwe             |
| 39 | Khul' uzukhokhobe ngqungqulu yakwaNomfundo           |
| 40 | Yima njalo mondli wezimpofana nezicebi               |
| 41 | Mana njalo NYUVESI YAKWAZULU.                        |

Xoxa ngamasu anhlobonhlobo asetshenziswe imbongi ukuggamisa indikimba yale nkondlo okungaba ukukhethwa kwamagama, izifengqo, nezisho.

Impendulo yakho mayibe yi-eseyi ehleleke kahle ibe namagama ayi-190 kuya kwangama-240.

[10]

## UMBUZO 2: UMBUZO OMFUSHANE

Fundisa le nkondlo bese uphendula imibuzo elandelayo.

### IZIBONGO ZIKAKUFAKWEZWE – MSS Gcumisa

#### (Umnewethu inkosi yakwaGcumisa engasekho)



- |    |   |
|----|---|
| 1  | Ingqungqulu eyabhu' amaphiko            |
| 2  | Phezu komuzi esangwen' eTsheni          |
| 3  | Zonk' izinyoni zakhothamis' amakhanda.  |
| 4  | Ngimthande ebagax' izinsimbi nanxa      |
| 5  | Sebecel' intethelelo.                   |
| 6  | Ingulule egijime yeqa izintaba          |
| 7  | Abesifazane nezingane bapheza           |
| 8  | Ukulal' ezintabeni,                     |
| 9  | Kwanqamuka nengelezane                  |
| 10 | Yokugeleza kwegazi ezweni.              |
| 11 | Ithole, elikaLubanjane, elikaSigobhe,   |
| 12 | ElikaManyosi, elikaSalimani,            |
| 13 | ElikaMahlomehlathini njengohlanya,      |
| 14 | Elikhale phezu komfula uMqeku,          |
| 15 | Kwakhuphuk' indlezane yakoMapholoba     |
| 16 | Emalangeni yalilabalabela.              |
| 17 | Kanti izoliphahlaza ngelinomantshu      |
| 18 | Izolibhakela ngenselw' enodaka.         |
| 19 | Indaba eyenziwe abafokazana nezinduna,  |
| 20 | Inkosi abaze bayikhombisa inxeba,       |
| 21 | Yathi iyalihlaba kanti isiyaphimpiliza. |
| 22 | Isibeka luphawu Iwesibazi,              |
| 23 | Esingaseyuphela sishabalale,            |
| 24 | Kazi nxa amaliba angaqhibuka namuhla    |
| 25 | Baphume oMbabal' egweb' igijima,        |
| 26 | NoNomadlikidlikana bangathini?          |
| 27 | Nxa sebeqhamuk' elab' izwe              |
| 28 | Seliziduliduli okungath' ezemihlwa      |
| 29 | Okuthunqa kuzo intuthu,                 |

- |    |  |
|----|--|
| 30 | Lapho kwashabalala khona                                 |
| 31 | Awabo amahlathi ayengashunqi ntuthu.                     |
| 32 | Ukufakwezwe abamethe igama kanti uzolilandela,           |
| 33 | Bath' ukufakwezwe izwe life ngaye kungabi ndaba zalutho. |
| 34 | Umvuli wezicabh' esengaphakathi                          |
| 35 | Wakhab' onobhadul' esengaphakathi                        |
| 36 | Zivalwe amadod' amabili phesheya kweNgoje                |
| 37 | Enye eyakwaMgwaz' eMthini emide,                         |
| 38 | Enye eyakwaLuthuli eMathulini.                           |
| 39 | UMadondolozela: ngentong' encane                         |
| 40 | Kwezakwabo ekhohlwa                                      |
| 41 | Ngob' udondolozela ngomfowabo uMlindeli.                 |
- 2.1 Nikeza umugqa onesenzasamuntu otholakala ebinzeni loku-1. (1)
- 2.2 Chaza kafushane ngamaphuzu AMATHATHU umqondo oqukethwe yibinza lesi-2. (3)
- 2.3 Chaza umoya oqukethwe umugqa we-19 kuya kowama-22 kule nkondlo. (2)
- 2.4 Iyini inhloso yembongi ekusebenziseni ukuxhumana okusekugcineni ebinzeni lesi-4? (2)
- 2.5 Phawula ngempumelelo yembongi ekusebenziseni umbuzombumbulu ebinzeni lesi-3. (2)
- [10]**

### **UMBUZO 3: UMBUZO OMFUSHANE**

Fundisia le nkondlo bese uphendula imibuzo elandelayo.

#### **KWANDONGAZIYADUMA – EJ Mhlanga**

- |    |                                       |
|----|---------------------------------------|
| 1  | Zijiyle ezixoxwa namuhla,             |
| 2  | Zinohlonze lezi engizizwayo,          |
| 3  | Zizwakala samthomb' ugobhoza,         |
| 4  | Yimuphi lowo mthomb' engiwuzwayo,     |
| 5  | Othombulul' izingqotho ezinginqalile, |
| 6  | Uthombulul' amaketang' angiqalangile? |
| 7  | Mthombo wakwaNdongaziyaduma gobhoza.  |
| 8  | Sewazisul' izinyembezi,               |
| 9  | Ebezizikhunge ethala lesizwe,         |
| 10 | Yeka lezo zinsizwa zamaqhawe,         |
| 11 | Ezasal' emaqeleni kwaNgcedomhlophe,   |
| 12 | Zingabonaze zaphunyuzwa,              |
| 13 | Nalezo zicoc' ezomela phansi,         |
| 14 | Zingabonaze zaganwa,                  |
| 15 | Zizam' ukubuyis' isizotha,            |
| 16 | Sezigodlo zikaZulu,                   |
| 17 | Zinxanel' udumo nezibongo.            |

18 Ubuthe leyo mikhonto,  
19 **Wayiphons' ethala** yagqwala,  
20 Izintombi nezinsizwa zosapho,  
21 Wazibuthela kwesakh' isigodlo,  
22 Yonk' imiqondo wayihlohl' ikhwezi.  
23 Waba yinkundl' egiyel' amaqhawe,  
24 Ezidla ubhedu IwakwaNgqondonkulu,  
25 Kunamuhla ziqholosh' isiqholoshakade,  
26 Zikhulum' ulim' oludeph' ulwandle.

27 Namuhla siphezu kwamabhlidi,  
28 Izinqanaw' ezikhoth' amayezi phezulu,  
29 Sinanel' ilanga nobuhle balo,  
30 Sinanel' inkanyezi nobuhle bazo,  
31 Konke sikubuka ngeso lokukhanya,  
32 Sibong' ukusichathazela kwelakho,  
33 Usicakulel' usikisiki olufak' ugqozi,  
34 Usihlomis' idlingozi lokulubalubela,  
35 Ukuqoph' intaba yakwaNgcebonkulu,  
36 Laph' usizo lomuntu lukhona.

37 Noma sisalind' ukuvuleka,  
38 Kwalezo zicabha zesigodlo,  
39 Lapho zonk' izandla ziyogcwala,  
40 Zicgwalis' izinqolobane zesizwe,  
41 Lwaze lwamnandi ubisi,  
42 Lwezinkomazi zakho,  
43 Ezimabelemad' okwensengwakazi,  
44 Yezibaya zasendulo,  
45 Okungath' ungtshinga naleyo mikhonto,  
46 Esagcwel' igazi nehlule,  
47 Ilanga liqhakaz' ukuqhakaza,  
48 Sithakasel' ukuba munye,  
49 Esigodlweni kwaNdongaziyaduma.

- 3.1 Nikeza umugqa onesifaniso otholakala ebinzeni loku-1. (1)
- 3.2 Chaza kafushane ngamaphuzu AMATHATHU umqondo oqukethwe yibinza lesi-2. (3)
- 3.3 Chaza ukuthi isimo sokukhuluma esibhalwe ngamagama agqamile silekelele kanjani ukuggamisa indikimba yemfundo yaleli binza. (2)
- 3.4 Iyini inhloso yembongi ekusebenziseni ukuxhumana okusekuqalen emgqeni wama-29 kuya kowama-30 kule nkondlo? (2)
- 3.5 Xoxa ngekhono lembongi ekusebenziseni ukweqjwa konkamisa ebinzeni lokugcina kule nkondlo. (2)
- [10]

## UMBUZO 4: UMBUZO OMFUSHANE

Fundisa le nkondlo bese uphendula imibuzo elandelayo.

### NKOSI SIKELEL' I-AFRIKA – CT Msimang

- 1 Bathwele bayasisitheka;
- 2 Ijoka nalo yingcindezi;
- 3 Ezimbukwini bayabisha;
- 4 Udondolo lwabo yithemba,
- 5 Ukholo lwabo luwubhoko,
- 6 'Nkosi sikelel' i-Afrika!'
  
- 7 Inkulu inkolo nethemba,
- 8 Kukhulu nokukhamelela,
- 9 Amakhand' agobodisile
- 10 Okwezimv' ezibala linye,
- 11 Ezingemelane nelanga,
- 12 llanga elibuka konke!
  
- 13 Imilomo iyizigidi,
- 14 Iphimbo labo lona linye,
- 15 Izwi labo lingumqukuquku,
- 16 Abezinhlanga nezilimi
- 17 Bathandaza ngamoya munye:
- 18 'Nkosi sikelel' i-Afrika!'
  
- 19 Isaho enhlonhlweni yezwe,
- 20 Senanelwa eziqongweni;
- 21 Senanelwa ezigodini;
- 22 Simumethwe nayimifula;
- 23 Sifukulwa nayimimoya;
- 24 Sifukulelwya kuy' indlebe.
  
- 25 Baphuhle phezu kwendumalo,
- 26 Nanxa ubusuku bubude;
- 27 Balindel' indonsa nekhwezi.
- 28 Nanxa ubusika bubude;
- 29 Balindel' uMfumfu noLwezi:
- 30 'Nkosi sikelel' i-Afrika!'
  
- 31 Bayahlangana behlakazwa;
- 32 Bayehlukana behlangene;
- 33 Bayakluluzana bemunye;
- 34 Bayahlaselana bemunye;
- 35 Bamemeza ongabonwayo
- 36 Ongabenza babe yimbumba.
  
- 37 Zoba yisis' izinyembezi,
- 38 Zohwamukela emafini,
- 39 Zoshoqongana zibe yifu,
- 40 Ifu liyophenduk' umvimbni,
- 41 Kumile ithemba elisha,
- 42 Izwakale imithandazo:
- 43 'Nkosi sikelel' i-Afrika!'



- 4.1 Bhala uhlobo lwasifengqo esiqukethwe umugqa wesi-5 bese usichaza ngokwenkondlo. (2)
- 4.2 Chaza kafushane umqondo ogqanyiswa umugqa wesi-7 kuya kowe-10. (2)
- 4.3 Iyini inhloso yembongi ekusebenziseni i-enjambamenti emgqeni we-16 kuya kowe-17? (2)
- 4.4 Chaza umyalezo oqukethwe ibinza lesi-5. (2)
- 4.5 Hlaziya isigqi esitholakala kule nkondlo. (2)  
**[10]**

## KANYE

### INKONDLO ENGAMISELWE (Uphoqelekile ukuphendula lo mbuzo)

#### UMBUZO 5: UMBUZO OMFUSHANE

Fundisa le nkondlo bese uphendula imibuzo elandelayo.

#### NGIYAFIS' UKWETHEMBEKA – S Nyembezi

- 1 Ngiyafis' ukwethembeka  
2 Enkulumeni yami;  
3 Amagama onke ami  
4 Abe ngamaqiniso.
- 5 Ngiyafis' ukwethembeka  
6 Ezenzweni zami;  
7 Izenzo engizenzayo  
8 Kube ngeziqotho.
- 9 Ngiyafis' ukwethembeka  
10 Emsebenzini wami;  
11 Umsebenz' engiwenzayo  
12 Ub' obusisekile.
- 13 Ngiyafis' ukwethembeka  
14 Kubazali bami;  
15 Ngaso sonke isikhathi  
16 Bathokoze ngami.
- 17 Ngiyafis' ukwethembeka  
18 Kuy' uMdali wami;  
19 Nabantwana abancane  
20 Ngabombuso wakhe.

- 5.1 Gagula uhlobo lokuxhumana olutholakala ebinzeni loku-1 bese usho nomsebenzi walo. (2)

- 5.2 Chaza kafushane umqondo osobala oqukethwe yibinza lesibili. (2)
- 5.3 Chaza ukuthi imbongi iwugqamise kanjani umoya webinza lesi-3. (2)
- 5.4 Ngabe ukusetshenziswa kwempindwa kwenze msebenzi muni kule nkondlo? Sekela impendulo yakho. (2)
- 5.5 Xoxa ngempumelelo yembongi ekusebenziseni i-enjambamenti ebinzeni lokugcina. (2)  
[10]

**AMAMAKI ESIQEPU A:** **30**

## ISIQEPHU B: INOVELI/UBUCIKO BOMLOMO

Khetha uhlobo OLULODWA lombhalo phakathi KWENOVELI NOBUCIKO BOMLOMO, uphendule ngokulandela imiyalelo enikiwe.

### INOVELI

Phendula umbuzo OWODWA ngencwadi oyifundile.

### UMBUZO 6: UMBUZO OMUDE

#### **BENGITHI LIZOKUNA – NG Sibya**

Le noveli ethi, *Bengithi Lizokuna* inabalingiswa abagqamisa indikimba yothando noma yethemba. Xoxa ngendikimba yale noveli usebenzise abalingiswa abafanele.

Impendulo yakho maybe yi-eseyi ehleleke kahle ngokwezigaba ze-eseyi ibe namagama angama-340 kuya kwangama-390.

[25]

### UMBUZO 7: UMBUZO OMFUSHANE

#### **BENGITHI LIZOKUNA – NG Sibya**

Fundisisa lesi siqeshana senoveli bese uphendula imibuzo elandelayo.

### ISIQESHANA A

Lwamqala phansi uvalo Iwamuthi thwansu, nesikhwele savukuzeka manje. Wezwakala enxapha yedwa ngenkathi eqonda endlini emva kokuba bevalelisane ngaley nndlala nje engenamndlala otheni benoMahlensi, ehamba eqanganisa ngosizi olumentza angabi namali.

'Nx, ngizoyithathaphi kodwa imali madoda ngivele ngimlobole kusashisa nje uMahlensi 5 angaze angiphunyuke ngisale ngincela izithupha?' ebalisa ngenhliziyo bakithi, sekumcacela nje ukuthi into ezomkhulula ukuthola imali ngokukhulu ukushesha lokhu ukuze aphephe kule ngebhe esisho ukumbulala nya. Yayisambulala nangenkathi eqethuke phezu kombhede ebambelele esiphundu elwa nesu lokuthola imali. Emva kokunikina ikhanda lakhe elalizimuka, wazibona eselule isandla wathatha ibhuku 10 lezingcingo kule nwaba yawo eyayilapha, ewaquoqe ngenkathi ematasa nendaba yamathenda. Waliphenya, waze wafika engxenyeni eyaynezinombolo zasePort Shepstone. Waphenya futhi esecinga isibongo sakwaNgidi.

'Ngizokwazi ngani ukuthi nguyenu muphi obeshiwo nguS'bu njengoba bebaningi kangaka nje oNgidi ababhalwe lapha?' Ezibuza efifiyela efunda lolu hla Iwezbongo 15 zakwaNgidi ezithi kazibe yikhasi lonke.

Ekugcineni wajumba amagama amahlanu, wawabhala phansi, wathatha ukhiye wemoto waphuma ngejubane eseconde ezingcingweni ngaseposini. Wafike wakhipha ikhadi, washaya inamba ayeyibhale ekuqaleni kohlu Iwabantu bakwaNgidi 20 ayeluphethe.

'KukwaNgidi, sawubona 'kubingelela izwi ngenhlonipho.  
'Hlomuka, sawubona. Ukhulumu nomuntu ongamazi. Kangizichaze-ke. Mina nnginguMandlakapheli Buthelezi,' esho ngesizotha.

'Yebo-ke Sokwalisa. Singamsiza ngani-ke uNgqengelele?'  
 'KunoHlomuka engifisa ukuxhumana naye, manje ngasuke ngadukelwa 25 yimininingwane yakhe.'  
 'Awu, baningi nje oHlomuka, uzomthola kanjani lo omfunayo?'  
 'Inkinga yileyo. Kodwa yena ungusomabhzinisi, unepulazi namabhusha nama ...'  
 'Kanti usho uManqoba?' ebuza ehleka kancane.  
 'Ngicabanga ukuthi nguyena.' 30  
 'Ikhona nje inombolo yakwaManqoba Cash and Carry. Kawubathinti ngani bakuchushise?'  
 'Ngizo-ke ngizame lokho. Awu, wayilamula Hlomuka,' ebonga enconcoza.  
 'Kuhle-ke uma kunjalo,' kuvalelisa indoda yabantu ngesizotha.

Wake walugqolozela isikhathi eside ucingo uNdumiso. Ngesikade wadonsa umoya 35 kakhulu, wanikina ikhanda.  
 'Mh, uthando bakithi!' Umuntu lumenzisa izinto ayesefungile ukuthi usehlukene nazo,' esho enikina ikhanda futhi eshaya kancane efonde emotweni yakhe.

Lalilokhu lidume lokho ikhanda kuNgidi. Lalidunyiswa yizinto eziningi: ukucabanga le ngane yabantu eyayifike ngovivi izomtshela isimanga sokufuna kwayo uMhlengi. 40 Lalidunyiswa ngukucabanga yona indodana yakhe le ewuMhlengi okwase kuphele iminyaka ethi kayibe mithathu ayigcina, belokhu bagcinana mhla imtshela isimanga esashiya umgodikazi enhlizyweni yakhe.

Wayephinde wayigqolozela futhi le ntokazi enhle eyayiphambi kwakhe, iphuza ikhofi elalihambisana nebhulakufesi eliphambili u-anti osiza lapha ekhaya ayemphuthume 45 ngalo.  
 'Ngiyakwazi ndodakazi. Uyazi kuvele kuzimuke ikhanda nje,' esho elimbambatha ikhanda lakhe sengathi kuzobohla ukuzimuka kwalo uma lithintwa.

[Isahluko sesi-4]

- 7.1 Shono ukuthi ludalwa yini udweshu Iwangaphakathi olutholakala kuNdumiso kulesi siqeshana. (2)
- 7.2 Chaza kafushane izenzo zomlingiswa onguNdumiso ezimveza njengomlingiswa onobugebengu. Bhekisa impendulo yakho kulesi siqeshana. (2)
- 7.3 Fingqa ngamaphuzu AMATHATHU izehlakalo ezaholela ekutheni uNdumiso ayobamba uNgidi inkunzi. (3)
- 7.4 Chaza ukuvezwa kwesizinda ngokwesikhathi/ngokwenkathi kulesi siqeshana. (3)
- 7.5 Chaza umphumela wezenzo zikaXolani ezinganeni zakhe. (2)
- 7.6 Qhathanisa izenzo zikaNkululeko noNdumiso ubhekise impendulo yakho endikimbeni yothando/yethemba etholakala kule noveli. (3)
- 7.7 Yini inhloso yombhali yokusebenzisa umlingiswa onguLungile kule noveli? (2)

- 7.8 Chaza imbangela yesenzo sikaNontobeko sokwala uNkululeko ngaphambi kosuku olwandulela elomshado. (3)
- 7.9 Uyavumelana nokuthi le noveli iphela ngovuthondaba? Sekela impendulo yakho. (2)
- 7.10 Phawula ngempumelelo yombhali ekwethuleni umyalezo wokuthi akukuhle ukungayeseki ingane yakho ezingumeni ezithathayo empilweni. Bhekisa impendulo yakho kumlingiswa uNgidi. (3)  
**[25]**

## UMBUZO 8: UMBUZO OMUDE

### USUMENYEZELWE-KE UMCEBO – MJ Mngadi

Le noveli ethi, *Usumenyezelwe Umcebo* inabalingiswa abagqamisa indikimba yomcebo. Xoxa ngendikimba yale ndaba usebenzise abalingiswa abafanele.

Impendulo yakho mayibe yi-eseyi ehleleke kahle ngokwezigaba ze-eseyi ibe namagama angama-340 kuya kwangama-390.

[25]

## UMBUZO 9: UMBUZO OMFUSHANE

### USUMENYEZELWE-KE UMCEBO – MJ Mngadi

Fundisia lesi siqeshana senoveli bese uphendula imibuzo elandelayo.

## ISIQESHANA B

Wanikina ikhanda uGenyeza, waphenduka sengathi unesithuthwana wangena endlini kaNomvula. Wazivalela wahlala embhedeni ebuka umsakazo ayewushiyelwe etafuleni. Wabholdele emswaneni ethi, 'Ngihezi iminyaka engaka noMiliyemu kanti ngethembe uboya bentenesha,' ezibamba ngezinkophe izinyembezi. 'Namuhla angilutho. UMiliyemu unghlube isithunzi.' Wabutha izinhlonze, amehlo wawathi njo encwajaneni 5 eyayivele ngaphansi komsakazo. Wayihosha wayivula, wayibuka engakwazi nakuzifundela. Wayifaka ekhukhwini, wasukuma washaya uzamthilili, waphumela phandle. Kwakungasekho muntu ngaphandle kukaHlulintombi. 'We mfana wasemaMbatheni! Up hi uMiliyemu?' Weneka izandla uHlulintombi. 'Uzomazi. Ukhohlakele wena. Udayisa ngoMiliyemu! Uzowukhomba umuzi onotshwala. Ngizokushaya ngikusende lapha eThusini.' Wabuyela endlini kaNomvula, wathatha umsakazo nezakhe, wasidonsa wasigaklaza isivalo, waphuma ngesango. Ngesikhathi ebaleka uHlulintombi, watshikoza yena kuwlwile emehlwani, walibangisa kwaKhambule.

Esezishaye embhedeni kwaKhambule, inhliyo izibuza iziphendula, kwakwale 15 esezimisa isibindi ngokuthi noma wayengahamba uNomvula wayengaggizi qakala. Uthando Iwamphikisa, inhliyo yakhamisa njalo ilambele eyayimkhonzie. Wahhema yedwa njengohlanya, esonga efunga egomela ukuthi wayezoziphendulela koHlulintombi noDicey ayengaqlu ukuthi babenesandla ekuhabeni kukaNomvula. Waphenduphenduka embhedeni esaba nokuphumela phandle abhekane namehlo 20 abantu. URose Mathaba wawubasela umlilo ngokuba afike azomhlebelo ukuthi wayembonile uHlulintombi elayishisa oChule izimpahla. Wavevezela uGenyeza. Kwanele kwashaya isikhathi sokubuya kukaDicey, kwathi xhifi, wathatha ezakhe wanikela khona. Wangena emabaleni ebhamazela, waqonda ngqo endlini kaHlulintombi afike wamgxavula ngesidlozana waphuma naye ecodama 25 ngamazonzwane, wavula endlini kaNomvula embuza emkhaca ethi, 'Up hi uMiliyemu? Usho wena, uzomlanda umbeke lapha!' Kwakusashaya umoya endlini. Wamqhuba wamdudula nesivalo emfaka uDicey naye owethuka wathi lacu, eshiya itafula nephephandaba ayelifunda.

Wema wambuka ehlahle amehlo aluhlaza cwe. 'Ngibuza kini nobabili ukuhi uphi 30 uMiliyemu?'

Bobabili oDicey noHlulintombi bema bamqhunsulele amehlo okwabantu bebhekene nendlondlo. NomkaDicey owaqhamuka ngasekhishini waqikileka, waqalaza ngapha nangapha njengesiphungumangathi.

'Uyabona Ganez,' UDicey ebamba intukuthelo kuqhansa imithambo, 'wena madoda, 35 nami madoda futhi. Asihloniphane.'

Indoda inenkosikazi. Wena Dayisi udlala amadayisi, udayisa ngoMiliyemu, ebhodla ulaka.

'Mina hhayi thanda biza maphoyisa Ganez. Phuma!' emkhomba phandle. Wagoloza uGenyeza eshaya phansi ngonyawo emkhomba ngemvubu ethi,' Dayisi, ngithi 40 angiphumi lapha uMiliyemu engekho!'

Wamvikisa izithunzi ngayo uHlulintombi. 'Uwena obubalayishisa impahla.'

'O, kulungile-ke. Ngoba wena bhilitile stereki, mina biza maphoyisa manje.' Wabamba ucingo uDicey wakwitiza isiNgisi.

Wathula uGenyeza wambuka. Yasanguluka ingqondo ekhumbula okwakumenze 45 ekuseni esevenini yomseshi. Ehlehlela emnyango wathi, 'Kanti unjalo nje uyivaka. Ugabe ngamaphoyisa. Ngizokuthola wena. Ubelethe ungehli kulo mlungu wakho.'

'Ayeza manje amaphoyisa Ganez,' esho esalubeke endlebeni.

[Isahluko sesi-16]

- 9.1 Shono ukuthi ludalwa yini udweshu olutholakala kuGenyeza kulesi siqeshana. (2)
- 9.2 Chaza kafushane izenzo zomlingiswa onguHlulintombi ezibonisa ukuthi unobugwala. Bhekisa impendulo yakho kulesi siqeshana. (2)
- 9.3 Fingqa ngamaphuzu AMATHATHU izigameko ezaholela ekuhambeni kukaNomvula eThusini. (3)
- 9.4 Chaza ukuvezwa kwesizinda ngokwesikhathi/ngokwenkathi kulesi siqeshana. (3)
- 9.5 Chaza umphumela wezenzo zikaMaHadebe enganeni yakhe uMahuzu. (2)
- 9.6 Qhathanisa izenzo zikaBrenda kanye noMeyili ubhekise impendulo yakho endikimbeni yomcebo etholakala kule noveli. (3)
- 9.7 Yini inhloso yombhali yokusebenzisa umlingiswa onguMaHadebe kule noveli? (2)
- 9.8 Chaza imbangela yesenzo sikaChule sokusebenzisa uDaffo kabuhlungu esitolo sakhe. (3)
- 9.9 Uyavumelana nokuthi le noveli iphela ngopholavuthondaba? Sekela impendulo yakho. (2)
- 9.10 Phawula ngempumelelo yombhali ekwethuleni umyalezo wokuthi akumele ube nomona nelunga lomndeni wakho uma liphumelela. Bhekisa impendulo yakho kumlingiswa onguMeyili. (3)

[25]

## UMBUZO 10: UMBUZO OMUDE

### KUNJALO-KE – ME Wanda

Le noveli ethi, *Kunjalo-ke* inabalingiswa abagqamisa indikimba yesimilo esixegayo. Xoxa ngendikimba yale ndaba usebenzise abalingiswa abafanele.

Impendulo yakho mayibe yi-eseyi ehleleke kahle ngokwezigaba ze-eseyi ibe namagama angama-340 kuya kwangama-390.

[25]

## UMBUZO 11: UMBUZO OMFUSHANE

### KUNJALO-KE – ME Wanda

Fundisia lesi siqeshana senovelis bese uphendula imibuzo elandelayo.

### ISIQESHANA C

'MaNzimande, nami sengibuyile nkosikazi. Ngiyaxolisa kukho konke engikwenzile okuhlukumeze umphefumulo wakho. Ngiyazi ukuthi bekunzima kangakanani kuwena ukusala nomuzi. Ngiyakuthembisa ukuthi ngeke ngisakushiya wedwa nkosikazi.' UMaNzimande wayethule ethatha ebeka:

'Kodwa uyaphi lo sathane onezimpondo? Kade yabhunguka le nto! Engani 5 bekwaziwa ukuthi ngeke esabuyela emzini wakhe, usehambe unomphela uSithole! Besi ngihlezi kahle kabi engekho. Okwakobani-ke manje ukuzoshayelwa yile nto umthetho. Nx, hhayi suka mhlawumbe le nto ibuya negciwane lengculaza nje lapho ivela khona! Awu ngekel' Wasukuma uMaNzimande wapheka inkowane. Kwathi ingavuthwa, waphaka uphuthu, inkowane wayithela ngaphezulu njengesishebo. 10 Wanikeza umyeni wakhe ukudla. USithole wathi choko choko, engula yona inkowane, washiyela umfana wakhe. UMaNzimande naye waziphakela. Kwathi ukuba baqede ukudla, balungiselela ukuya kolala.

UMaNzimande wayengaqqile ekamelweni lakhe, kubufihlifhli nje. Kwakukhona izinqamu zikagwayi nesimehlane sikagavini phezu kwetafula kanye nezimbadada ngaphansi kombhede. Wayibuka le nto uSithole, kodwa wafela phakathi okwebutho likaZulu. UMaNzimande naye wabona ukuthi uSithole uyabona, kodwa wangaggiza qakala nje. Wagaba ngokuthi uma eke wambuza nje, kuyobe uyinyathele emsileni. Bangena engutsheni. Bacisha, balala.

Ngakusasa uSithole wavuka waqonda eSiphingo ukuyofuna umsebenzi. Wafuna 20 wafuna kodwa do ukuwuthola. Wayebasathe uyafika ndawana thile bamlandulele. Kwezinye izindawo wayefica kubhalwe ngamagama amakhulu: AWUKHO UMSEBENZI. Kwakuvele kumqede amandla lokho. Kwaze kwathi ntambama, naye esethi uyalahlela nje, wadlula emahhovisi aphathelene nokuthuthwa kwenkunkuma elokishini eMlazi. Bambuza ukuthi unazo yini izincwadi ezinkulu zokushayela imoto. 25 Kwabe basho entshweni, wabakhombisa khona manjalo. Bamtshela ukuthi akofika ngakusasa azoqala umsebenzi. Wabonga wavaletisa, wahamba eseyogibela.

USithole wafika e-Adams esefikile uMaNzimande.  
Wayezenamele nje kade ethole umsebenzi.

'Sewubuyile MaNzimande? Awu washesha namhlanjena!'  
UMaNzimande wanganaka nje, waziqhubekela nalokho ayekwenza.

30

'Eyi nami ngiwutholile umsebenzi wokushayela.' Athi qwebu amehlo uMaNzimande, wafisa manje ukuzwisa kahle.



'Uzoshayela ntoni?'

'Ngizoshayela amaloli athutha inkucunkuku elokishini,' Kuthi consololo ukuzwa ukuthi uSithole akasezukuba ngumthwalo nezindleko kuyen. Wayeka yonke into ayeyenza, walungisa ukudla. Ngakusasa ekuseni uSithole wavukela khona emsebenzini. Wawuqala-ke umsebenzi wokuthutha inkucunkuku. Babezungeza yonke indawo elokishini lasaMlazi.

Ngelinye ilanga uSithole esenhabakhefini, wathatha iloli waqonda ngqo emzini kaDumazile. Wafika wama emgwaqweni ngasenhla komuzi, washaya ihudi. Kwavela umsebenzi emnyango. USithole wakhiphela ingalo ngaphandle, wamqhweba. Weza esekhabuzela. Babingelelana, baphilelana.

'Ngingamthola uDumazile?'

'Yebo. Ngizothi ucelwa ngubani?'

45

[Isahluko sesi-8]

- 11.1 Shono ukuthi ludalwa yini udweshu olutholakala kuMaNzimande kulesi siqeshana. (2)
- Chaza kafushane izenzo zomlingiswa onguSithole ezimveza njengomlingiswa okwaziyo ukuzibamba. Bhekisa impendulo yakho kulesi siqeshana. (2)
- 11.3 Fingqa ngamaphuzu AMATHATHU izehlakalo ezaholela ekuhambeni kukaDumazile emzini wakhe. (3)
- 11.4 Chaza ukuvezwa kwesizinda ngokwesikhathi/ngokwenkathi kulesi siqeshana. (3)
- 11.5 Chaza umphumela wezenzo zikaDumazile ezinganeni zakhe. (2)
- 11.6 Qhathanisa izenzo zikaMoloi noSithole ubhekise impendulo yakho endikimbeni yesimilo esixegayo etholakala kule noveli. (3)
- 11.7 Yini inhoso yombali yokusebenzisa umlingiswa onguLizzy kule noveli? (2)
- 11.8 Chaza imbangela yesenzo sikaMtalaselwa sokuqhubeka nokushada noDumazile yize unina uMaShandu emxwayisa ngokuthatha uDumazile. (3)
- 11.9 Uyavumelana nokuthi le noveli iphela ngopholavuthondaba? Sekela impendulo yakho. (2)
- 11.10 Phawula ngempumelelo yombali ekwethuleni umyalezo wokuthi akumele ingane yesikole ivumele uthisha ayikhohlise kwezothando. Bhekisa impendulo yakho kumlingiswa onguDumazile. (3)

[25]

**UMBUZO 12: UMBUZO OMUDE*****IMPI YABOMDABU ISETHUNJINI – JC Buthelezi***

Le ndaba ethi, *Impi Yabomdabu Isethunjini* inabalingiswa abagqamisa indikimba yokuba nobuntu nokungabi nobuntu. Xoxa ngendikimba yale ndaba usebenzise abalingiswa abafanele.

Impendulo yakho maybe yi-eseyi ehleleke kahle ngokwezigaba ze-eseyi ibe namagama angama-340 kuya kwangama-390.

[25]

**UMBUZO 13: UMBUZO OMFUSHANE*****IMPI YABOMDABU ISETHUNJINI – JC Buthelezi***

Fundisia lesi siqeshana senoveli bese uphendula imibuzo elandelayo.

**ISIQESHANA D**

'Cha ungayi *Farook*. Impahla mayilinde indodana yami. Yiyo ezokuza lapha izoqedelela umsebenzi wayo. Ngibongile,' kusho uNgubane ephenduka eseyophuma ngomnyango. Wema *uFarook* embuka engakholwa ukuthi uphume nebhuku lamasheke engasalenzanga isheke uNgubane.

Kusihlwa ekhaya uNgubane wayesenabo bonke ubufakazi bokuthi indodana yabo kayigcinanga ngokuntshontsha imoto esikoleni, futhi yayikhwabanisa imali kaMaXakushe, ukuyothenga ngayo imiswenko. Njengomuntu owayengaphathelene nemiswenko yezingane, wayexakwa nje uNgubane ukuthi owakkawhe ungenwe yini ukuthi avumele ingane igqoke kangaka. Wayethi uma ephawula, umkakhe athi eziningi izinto ingane iziphiwa ngabangani. Wawummangaza uNgubane lo musa walaba bangani bendodana yakhe. Njengoba manje wayesonobufakazi, wafuna ukuba alwethule lolu daba kowakkawhe.

Ngemuva kokudla ngoLwesithathu, wasukumisa izingane wathi mazigeze izitsha. Wahhumuzela *u-Euthenasia* njengokujwayelekile, kodwa uyise wangamnaka wathi *u-Melody* uzozibeka izitsha kanti *u-Euthenasia* uzoziqoqa azifake emshinini azigeze ngomshini. Wathula *uMaMthimkhulu* emangala ukuthi wenzani umyeni wakhe eguqula

'Ingane yami ayintshontshanga imoto kaMiss *Hawkins*. *UHawkins* nguye onike ingane yami izikhiye zemoto. Wayethi mayenzeni ngezikhiye zemoto ingane? Lokhu kugabisela izingane zethu ngezimoto bese kuthiwa zintshontsha izimoto, angikuthandi neze. Uma konke ukwenza kwakho kuncike ekutheni *u-Euthenasia* wantshontsha imoto ka-*Hawkins*, kungathi ayikho le nto obambelele kuyo Bafana.'

'MaMthimkhulu ngizocela ukuba ungibize ngoNgubane noma ngoMbomvu. Ukubiza abantu ngamagama ngokwezingane zethu nabantu abancane. Thina bantu abadala kuhle sibizane ngezibongo.'

[Isahluko sesi-8]

- 13.1 Shono ukuthi ludalwa yini udweshu Iwangaphakathi olutholakala kuNgubane kulesi siqeshana. (2)

- 13.2 Chaza kafushane izenzo zomlingiswa onguPoppie ezibonisa ukuthi ungumlingiswa ongamhloniphi umyeni wakhe. Bhekisa impendulo yakho kulesi siqeshana. (2)
- 13.3 Fingqa ngamaphuzu AMATHATHU isigameko esaholela ekuhambeni kukaNgubane kwaMaMthunzi. (3)
- 13.4 Chaza ukuvezwa kwesizinda ngokwesikhathi/ngokwenkathi kulesi siqeshana. (3)
- 13.5 Chaza umphumela wezenzo zikaMaMthimkhulu enganeni yakhe uMelody. (2)
- 13.6 Qhathanisa izenzo zikaMadonsela kanye noPoppie ubhekise impendulo yakho endikimbeni yobuntu etholakala kule noveli. (3)
- 13.7 Yini inhloso yombhali yokusebenzisa umlingiswa onguHlanganisani kule noveli? (2)
- 13.8 Chaza imbangela yesenzo sikaPoppie sokwenqaba ukuthatha oHlanganisani no-Uzithelile ukuba bazohlala emzini wakhe noBafana. (3)
- 13.9 Uyavumelana nokuthi le noveli iphela ngopholavuthondaba? Sekela impendulo yakho. (2)
- 13.10 Phawula ngempumelelo yombhali ekwethuleni umyalezo wokuthi akufanele isimo sasekhaya sikuvimbele ukuba uphumelele empilweni. Bhekisa impendulo yakho kumlingiswa onguHlanganisani. (3)  
[25]

**NOMA**

## UBUCIKO BOMLOMO: UJU LWEZIZUKULWANE – KL Makhoba

Phendula umbuzo OWODWA.

### UMBUZO 14: UMBUZO OMUDE

'Ubuciko bomlomo obungezansi buwumbhalo odlulisa indikimba yomona. Xoxa ngendikimba yalobu buciko bomlomo obulandelayo usebenzise abalingiswa abafanele lapho kudingeka khona.'

- (a) Inganekwane: 'Ikhubalo LikaFukwe'
- (b) Izibongo: 'Isiqhingi Sase-Robben Island'

Impendulo yakho mayibe yi-eseyi eholeke kahle ngokwezigaba ze-eseyi ibe namagama angama-340 kuya kwangama-390 sekuhlangene impendulo yenganekwane nezibongo.

[25]

### UMBUZO 15: UMBUZO OMFUSHANE

Fundisa lezi ziqeshana ezilandelayo, inganekwane nehubo bese uphendula imibuzo ehambisana nazo.

### ISIQESHANA E: INGANEKWANE: ISIBINDI SIKAGALA KANODEADE BIYELA

Umxoxi: Kwesukasukela ...

Abalaleli: Cosu!

Kwakukhona iqhawe lakwaBiyela, igama lalo kunguGala kaNodade. Leli qhawe kuthiwa laliphila ngezinsuku zokubusa kwenkosi uShaka. Kuthiwa ngemuva kokukhothama kweNdlovukazi uNandi, iSilo sakwaDukuza sashaya umthetho esizweni saKwaZulu ukuthi bonke abantu bazile. Eminye yemigomo yokuzila kwathiwa abantu bonke abahlale emakhaya bangenzi lutho. Lapho-ke kubalwa ukutshala, ukuhlakula ngisho nokusenga izinkomo imbala. Uma kungatshalwa kusho ukuthi ngeke kuvunwe emasimini. Amasimu agcina ngokumila ukhula aze aphenduka isikhotha. Ukuganwa, ukuvakashela umakoti, imisebenzi eyimigubho yesizwe kwavalwa yiSilo uShaka. Kwamiswa ngisho nokugaywa kotshwala esizweni. Kwaqhuma isililo esesabekayo ezweni ngalokhu kuzila isikhathi eside. 'Isizwe siphelile! Sonke sizowushiya lo mhlaba ngenxa yokubulawa yndlala,' sasho isililo sabantu.

5

10

UGala kaNodade wathi ebona abantu beghubeka bebulawa yndlala, wamema umhlangano wabantu bomndeni wakhe kuphela ukuze badle amathambo engqondo 15 ngalolu daba. Kwahlanganelwa emzini wakhe.

'BoBiyela abahle, nginimeme kulo mhlangano ukuze sixoxe mayelana nodaba lokuzilela iNdlovukazi. Ngibona sengathi sekwanele ukuzilela iNdlovukazi boBiyela abahle,' uGala endlalela inkulumo yakhe.

15

Izethameli zomhlangano zatshengisa ukwesaba, zavula imilomo zibabaza la mazwi 20 kaGala. Abanigi babezibuza ukuthi usithathaphi isibindi sokunquma ukuthi sekwanele ukuzilela iNdlovukazi. Uma le nkulumo ifika ezindlebeni zeSilo uShaka, uzomyisa kwagoqanyawo uGala.

Waqhubeka wakhuluma wenaba uGala ebalisa ngokufa kwabantu, izinja, imfuyo, kanye nemvelo. Wabalisa nangomkhuba osewuqualile wokuqambelana amanga ezinduneni zenkosi ngokuthi awuzilile nomndeni wakho ngoba nizondana. Uma-ke iSilo uShaka esezwile ukuthi ukhona umuntu waso ongayizilele iNdlovukazi nomndeni wakhe, sasithumela amabutho ukuthi ashise muzi agcine ngokubulala konke okudikizaya kulowo muzi.

- 15.1 Nikeza isethulo sale nganekwane ethi, 'Isibindi SikaGala kaNodade Biyela'. (2)
- 15.2 Shono isizathu esenza isimo senhlalo singabi sihle ekuqaleni kwalesi siqeshana. (2)
- 15.3 Fingqa ngamaphuzu AMATHATHU okwenziwa umlingiswa onguGala ukungenelela kulesi simo esingesihle sokufa kwabantu kwaDukuza. (3)

### IHUBO: SENZENI?

Igosa: Senzeni na?

Abavumayo: Senzeni na? Senzeni na?

- 15.4 Qhathanisa le nganekwane ethi, 'Isibindi sikaGala kaNodade Biyela' kanye nehubo elithi, 'Senzeni na?'. (3)
- 15.5 Ngokubona kwakho ngabe isenzo sikaGala sokuhuluma nenkosi uShaka samukelekile kuwe? Sekela impendulo yakho. (2)
- 15.6 Phawula ngesenzo senkosi uShaka kule nganekwane. (3)

Fundisa lezi ziqeshana ezilandelayo, izibongo, izithakazelo nesisho bese uphendula imibuzo ehambisana nazo.

### ISIQESHANA F: IZIBONGO: USUKU LWAMAGUGU

#### USUKU LWAMAGUGU

- 1 Ngivumele ngisine ngosiko lwakithi,
- 2 Ngivumele ngigiye ngokuguya engikwaziyo,
- 3 Ngivumele nighlobe ngengizigqaja ngakho,
- 4 Ngizibonakalise ukuthi mina ngingubani.
- 5 Noma sengaveteza nje
- 6 Kodwa akubona ubunjalo bami,
- 7 **Ngubani owakutshela okungesikho ngami?**
- 8 Engehlisa izinga ngamamodeli?
- 9 Ngibe ngizazi kahle
- 10 Ngingadinge kubalelwya amamodeli.



11 Mhlanganisi owehlukanise abantu  
 12 Baveza ubunjalo babo.  
 13 UmZulu waba ngumZulu ngemvunulo,  
 14 INdiya kwaba yiNdiya ngemisubelo,  
 15 IBhunu kwaba yiBhunu ngokhakhi balo,  
 16 UmXhosa waba ngumXhosa ngobuhlalu,  
 17 Isizwe saba sinye ngokwehlukana.  
 18 Nkosi vikela i-Afrika eseNingizimu.  
 19 Mkhululi okhulule asebekhululekile,  
 20 Mhlanganisi ohlanganise izinhlanga,  
 21 Mandulo ngokwandulela izinyanga,  
 22 Lukufanel' olwamagugu ayizolo nakuthanga,  
 23 Lukufanel' olokuhlonza amagagu,  
 24 Sihlangane ngamagugu ahlukene,  
 25 Sibe munye ebuningini bethu.

**IZITHAKAZELO****DLAMINI**

Dlamini!  
 Nkosi!  
 Hlubi!  
 Ludonga lukaMavuso,  
 Abay' eMbo babuyeleta,  
 Abesidwaba siluthuli  
 Singaba ncwaba nonina,  
 Abengomane yaseMavaneni,  
 Abaqed' uBombo ngokuhlehlletela,  
 AbakaSibhahuza  
 SikaMabanda eMpondweni,  
 Inkonekaz' evele ngobus emgedeni,  
 USamketh' esinembav' emalangani,  
 UMsazi kaSobhuza,  
 Mlangeni!  
 Nina bakakusa nelanga!  
 Nina bakaWawawa!  
 Lokothwayo!

**ISISHO:**

Ukusenga ezimithiyo

**INCAZELO: Umuntu okhuluma into engamanga futhi engakhola kalis ukuthi ingenzeka noma yenzekile.**

- 15.7 Gagula uhlobo lokuxhumana olutholakala kulezi zithakazelo ezingenhla bese ubhala phansi imigqa enalokho kuxhumana. (2)
- 15.8 Chaza kafushane indlela izizwe ezahlukene ezibonakala ngayo kulezi zibongo. (2)
- 15.9 Chaza ukuthi imigqa edwetshelwe ilekelele kanjani ukuqonda indikimba yalezi zibongo. (2)
- 15.10 Ucabanga ukuthi isisho esinikeziwe sihambelana kanjani nomugqa obhalwe ngokugqamile osezibongweni ezithi, 'Usuku Lwamagugu'? Sekela impendulo yakho. (2)
- 15.11 Hlaziya ngokusetshenziswa kophawu lokubabaza kulezi zithakazelo. (2)  
[25]

**AMAMAKI ESIQEPU B:**

**25**



**ISIQEPHU C: UMDLALO**

Phendula umbuzo OWODWA ngencwadi oyifundile.

**UMBUZO 16: UMBUZO OMUDE****KUDELA OWAZIYO – BP Maphumulo**

'Umbhalu uyaye asebenzise ummeleli ukukhulisa udweshu.'

Xoxa ngokusetshenziswa kommeleli onguMdaluli ukukhulisa udweshu olutholakala kulo mdlalo.

Impendulo yakho mayibe yi-eseyi ehleleke kahle ngokomgomu wokubhalwa kwe-eseyi ibe namagama angama-340 kuya kwangama-390.

[25]

**UMBUZO 17: UMBUZO OMFUSHANE****KUDELA OWAZIYO – BP Maphumulo**

Fundisia lesi siqeshana somdlalo bese uphendula imibuzo elandelayo.

**ISIQESHANA G**

(Kusihlwa, elawunji lendlu kaMdaluli, itafula selihlobile ngesidlo sakusihlwa. Wonke olapho usegalile usina uyazibethela ugcwalisa ithumbu lakhe. Kuwo nje lowo mnyama kungene uMdaluli esethele umzimba phansi njengomuntu okhathele kumbe okhathazekile, Emizuzwini emibalwa nje umkakhe ebe esewuletha njalo owakhe uphawini wokuya ngasethunjini)

5

MAMLANDULI: (uyamoyizela) Nakho-ke ukudla baba, usungasijoyina-ke nathi esesiphakathi nesidlo.

MDALULI: (ngezwi elingenamusa) Angikufuni!

MAMLANDULI: (umangele) Hhayi-ke, kusha-ke lokhu engikuzwayo ngiyakweshwama mina. Kanti sekukhulunya kanjalo manje? Uma kuya ngoba wesuthi yise kaLondiwe, ubungebe usakhohlisa nje okungenani, uwaze kabilo kathathu bese uyabonga? Yini ukwenza kwakho kungisolise baba?

10

MDALULI: (ngokufutheka) Kanti uzwa kanjani wena mfazi? Lisho ukuthini kanti leli gama elithi angifuni? Ngiziphoqe-ke manje ngidle yize noma isimo singangivumeli? **Wangifundekela kangaka nje wena?**

15

MAMLANDULI: (usenyukubele ebusweni) Size singakuvumeli nje isimo ngoba kwenzenjani? Ngabe uqonde ukungitshela ngezindlela eziphansi yini ukuthi okwami ukudla sekuyakucika kukwenyanyise ngoba sekukhona okwalabo abakuphekelayo ekuhambeni okuyisilovela esinomsoco nesebla ngamphimbomunye?

20

MDALULI: (ngezwi elingancengi) Ungasho okuthandayo mfazi kodwa sengisho ngishilo ngathi angikufuni ukudla. Okwedlula lapho angiboni ukuthi usungangifunza ngenkani ngoba nakhu ufunu ngenze lokhu okuthandwa nguwena kodwa kube kuphambene nentando yami? (uyazamula)

25

MAMLANDULI:	Owami umbuzo uthi yini indaba ungakufuni okwami ukudla ngoba kade kusile nje futhi ubukeka ulambilie unjalo nje? Olunye lwezimpawu zokulamba ukuzamula lokhu.	30
MDALULI:	(ngezwi elinesankahlu) Impendulo emfishane yokuhlangabeza lo mbuzo wakho izothi inhliziyo imnyama ...	
MAMLANDULI:	(uhwaqile) Ize ibe mnyama nje ngasizathu sini? Yini sengathi kukhona iqiniso olaziyo nje wena ongigodlela lona?	
MDALULI:	(uyanxapha) Nx! (ngokufutheka) Ah demed man! Usulokhu ungicefezelu into ebhekephi nje wena mfazi ngibe ngizilandula lapha kuwe? Yini ngisole nje sengathi akusekhona ukuthi ufunu isizathu sokungakufuni ukudla kodwa usufuna inhliziyo yami wena? Uyazi ukuthini? Usuze uyithole-ke le nto oyifunayo. Sengikubone kahle wena ukuthi uyayeshela le mpama yami, isizoze ikuqome-ke ngoba nakhu usulokhu uyinakashele.	35 40
MAMLANDULI:	(usecasukile) Kufahlwa kufahlwani zonke izinto zisobala nje? Usuqonyiwe wena ekuhambeni nokuyilapho udlu khona wesuthe ufile lapha ungasakufuni okwami ukudla?	
MDALULI:	(uyanxapha) Nx! (usebuyise izinhlonze, umdonsa ngesikwibhisi sempama umkakhe esiqhakazisa izinsensane ebusweni, ngokufutheka) Demed man! Yini indaba weyise kangaka wena mfazi? Ngabe angishongo ukuthi ... (angabe esaligwinya nalelo, uLondiwe asukume khona manjalo lapho ahlezi khona maqedane aphawule naye esephakathi kwabazali bakhe njengophawu lokulamula)	45 50

- 17.1 Shono isizathu esenza kube nodweshu ekuqaleni kwalesi siqeshana. (2)
- 17.2 Chaza ithoni etholakala enkulumeni yomlingiswa onguMdaluli kulesi siqeshana. (2)
- 17.3 Fingqa ngamaphuzu AMATHATHU isizinda salesi siqeshana. (3)
- 17.4 Xoxa kafushane ngesigameko esifihlelwe umlingiswa onguHlengiwe nguChivenga emuva kokuba ecele uthando. (3)
- 17.5 Qhathanisa ukuvezwa komlingiswa onguMbhebhezeli nomlingiswa onguManqina ngobunjalo babo kulo mdlalo. (3)
- 17.6 Ucabanga ukuthi wawuzoba njani umphumela empilweni kaMdaluli ukuba uLondiwe akalicishanga icala? Sekela impendulo yakho. (2)
- 17.7 Chaza imbangela yokusetshenziswa kwamagama agqamile atholakala kulesi siqeshana. (2)
- 17.8 Ngokwakho ukubona ngabe umlingiswa onguLondiwe kwakufanele yini angene izindaba zabazali bakhe uma bexabana? Sekela impendulo yakho. (3)
- 17.9 Uyavumelana yini nokuthi ukuba khona kukaChivenga kuyithuthukisile indikimba yalo mdlalo? Sekela impendulo yakho. (2)
- 17.10 Uyazwelana nomlingiswa onguHeshane nesimo abhekana naso sokuphelelwa ngumsebenzi? Sekela impendulo yakho. Yikuphi owawungakwenza ukube kwakunguwe obhekene nalesi simo? (3)

[25]

**UMBUZO 18: UMBUZO OMUDE****AWUWELWA UMNGENI – M Gcumisa**

'Umbhali uyaye asebenzise ummeleli ukukhulisa udweshu.'

Xoxa ngokusetshenziswa kommeleli ongusalimani ukukhulisa udweshu olutholakala kulo mdlalo.

Impendulo yakho mayibe yi-eseyi ehleleke kahle ngokomgommo wokubhalwa kwe-eseyi ibe namagama angama-340 kuya kwangama-390.

[25]

**UMBUZO 19: UMBUZO OMFUSHANE****AWUWELWA UMNGENI – M Gcumisa**

Fundisisa lesi siqeshana somdlalo bese uphendula imibuzo elandelayo.

**ISIQESHANA H**

(Kusehhovisi likaZithulele enkantolo eMshwathi. Ebhentshini phakathi nehhovisi kuhleli uSalimani. Emaceleni ngapha nangapha kwakhe kuhleli uMbongolo, uNomehlo noMphiliphili. Eshlalweni phambi kwabo kuhleli uZithulele uhlanganise izandla phezu kwetafula elibanzi eliphambi kwakhe. UNongejeni uthe phuhle ngaphakathi eduze nomnyango. Onongqayi badane bethi pheshe emnyango.)

5

**ZITHULELE:** Ubizwe yimina Salimani. (Ebambelela ezingalweni zesihlalo ngezandla zombili) Udaba engikubizele lona lunohlonze kakhulu kanti futhi luyaphuthuma kakhulu.

(Ahlabe ikhefu aggolozele uSalimani ezinhlamvini zamehlo.)

**SALIMANI:** (Uggolozele uZithulele kuhle kwemamba, akasathi cwayi.) Qhuba, ngilalele, Mlungu.

10

**ZITHULELE:** (Anyokoloze uSalimani kabi maqede abiphe.) Udaba engikubizele lona udaba lwezwe. (Aphinde ahlabe ikhefu.)

(avuse izinhlonze)

**SALIMANI:** (babheke uSalimani sakumeba babuye bagqolozele uZithulele)

15

**MBONGOLO**  
**NOMEHLO**  
**MPHILIPHILI** } ZITHULELE: Ake ungichazele ngemingcele yendawo othi eyakho, oyiphathele uHulumeni, ukuze ngiyiqondisise kahle futhi ngizenelise ukuthi uyazi kahle.

**SALIMANI:** Wothi angikuchazele ngemingcele yendawo yami, hhayi okuthiwa eyami. Empeleni anginandawo mina. Indawo yonke ekaBaba, inkosi uManyosi kaSigobhe kaLubanjana.

20

(Ahlabe ikhefu. Agqolozele uZithulele angabe esathi cwayi.)

**ZITHULELE:** Izwe leli ngiliphathelle inkosi uMamonga woSuthu, iSilo uDinuzulu. (Sakunengwa.) Uyihlo unezwe elithathaphi? Wake wakhona umufi owake waba nezwe? Khona engemufi ukhona 'umuntu' owake waba nezwe? Unezwe wena? (Efutheka.)

25

Unezwe uDinizulu? Akuzwe likaHulumeni leli?

SALIMANI:	( <i>Ehleka inhlinini.</i> ) Kusobala ukuthi awukabazi abantu wena Mlungu. Kepha kuthiwa unguNdaba zabo. Kusobala ukuthi kwakumele ube nguNdaba zabelungu bakini bona mhlawumbe obazi kangcono.	30
ZITHULELE:	( <i>Ngokunganaki.</i> ) Anginandaba naMnyuzi, naSigobe naMbanjane mina. Anginandaba naDinuzulu lowo mina. Mina ngifuna ungichazele imingcele yezwe likaHulumeni leli ombhasobhele lona. Inhlamba! ( <i>Ehwaqabala.</i> ) Yinhlamba yodwa phela lena oyikhulumayo. Mina angizalwa nguMnyuzi, kaSigobe kaMbanjane! Kodwa ngizalwa yinkosi uManyosi kaSigobhe kaLubanjana. Ngukwedelela ukuthi awunandaba nenkosi yami uDinuzulu. Uyifunelani imingcele yomhlaba kaBaba? Uma sengikuchazele uzokwenzani?	35
MBONGOLO } NOMEHLO } MPHILIPHILI }	( <i>Bebe uSalimani ngamehlo qede bagqolozele uZithulele.</i> )	40
ZITHULELE:	UHulumeni ufuna incazelo yemingcele kuwena.	
SALIMANI:	Uthi izwe ngelakhe nje kanti kwamingcele yalo akayazi?	
ZITHULELE:	Uyayazi. Kodwa ufuna ukuzenelisa ukuthi wena ombhasobhele lona imingcele lena uyazi kahle.	45
SALIMANI:	Uma esekwazile lokho?	
ZITHULELE:	UHulumeni akabuzwa kanjalo.	
SALIMANI:	Uma-ke yena ekwazi ukubuza kanjalo kodwa ebe engabuzwa kanjalo noSalimani akabuzwa kanjalo.	
ZITHU:	( <i>Ehwaqabala.</i> ) UHulumeni uhlose ukucacisa kahle imingcele emidala nokuklama kahle emisha eyehlukanisa nezokwehlukanisa kahle kabusha amapulazi Abelungu owakhelene nabo oMgqabula, oMvomvozi noMehlwemamba.	50
SALIMANI:	(eswaca) Akukho migcele ezohlelwa kabusha. OMgqabula noMvomvozi kanye noMehlwemamba umngcele wabo uyaziwa ukuthi nguMngeni.	55
ZITHULELE:	( <i>Ethi ukwehla.</i> ) <b>Kahle Salimani ukuthatha izinto ngokuhluthuka.</b> Khumbula ukuthi nguHulumeni lona okhuluma naye. Uma ukhuluma nami ukhuluma noMbusi uqobo lwakhe. UMbusi-ke unguHulumeni. Ngakho-ke uma ukhuluma naye kumele ukhulume njalo ngenhlonipho. Kuhle ungazilibili ukuthi 'ungumuntu'. Njengoba ngikhuluma nawe nje ngimele uSomtsewu uqobo.	60

- 19.1 Shono isizathu esenza kube nodweshu ekuqaleni kwalesi siqeshana. (2)
- 19.2 Chaza ithoni etholakala enkulumeni yomlingiswa onguZithulele uma ekhuluma noSalimani. Bhekisa impendulo yakho kulesi siqeshana. (2)
- 19.3 Fingqa ngamaphuzu AMATHATHU isizinda salesi siqeshana. (3)
- 19.4 Xoxa kafushane ngesigameko esifihlelwe umlingiswa onguZithulele nguSalimani mayelana nokuvota kokuklanywa kwemingcele. (3)
- 19.5 Qhathanisa ukuvezwa komlingiswa onguSomtsewu nomlingiswa oyijaji laseMgungundlovu mayelana nokuthetha amacala. (3)

- 19.6 Ucabanga ukuthi wawuzoba njani umphumela empilweni kaZithulele ukube icala lemingcele lagcina lingamthethanga uSalimani? Sekela impendulo yakho. (2)
- 19.7 Chaza imbangela yokusetshenziswa kwamagama agqamile atholakala kulesi siqeshana. (2)
- 19.8 Ngokwakho ukucabanga ngabe umlingiswa onguMphiliphili kwakufanele yini ajikele inkosi uSalimani? Sekela impendulo yakho. (3)
- 19.9 Uyavumelana yini nokuthi ukuba khona kukaZithulele kuyithuthukisile indikimba yalo mdlalo? Sekela impendulo yakho. (2)
- 19.10 Uyazwelana nomlingiswa onguMphiliphili ngesimo abhekana naso emuva kokubanjwa ukuthi wayesebenzelana nabelungu bamapulazi? Sekela impendulo yakho. Yikuphi owawungakwenza ukube kwakunguwe obhekene nalesi simo? (3)
- [25]**

## UMBUZO 20: UMBUZO OMUDE

### UBHUKU LWAMANQE – EJ Mhlanga

'Umbhali uyaye asebenzise ummeleli ukukhulisa udweshu.'

Xoxa ngokusetshenziswa kommeleli onguPhindisiwe ukukhulisa udweshu olutholakala kulo mdlalo.

Impendulo yakho maybe yi-eseyi ehleleke kahle ngokomgommo wokubhalwa kwe-eseyi ibe namagama angama-340 kuya kwangama-390. [25]

## UMBUZO 21: UMBUZO OMFUSHANE

### UBHUKU LWAMANQE – EJ Mhlanga

Fundisisa lesi siqeshana somdlalo bese uphendula imibuzo elandelayo.

#### ISIQESHANA I

PHINDISIWE:	Ngingakusiza? Kubuza uPhindisiwe ngezwi eliphansi.	
NKULULEKO:	(Izwi elihoshozayo) Bengicela ukukhuluma noPhindisiwe.	
PHINDISIWE:	Uyena okhulumayo. Ngingakusiza?	
NKULULEKO:	(Engapholisi maseko) Kuseyimina futhi s'thandwa sami.	
PHINDISIWE:	(Ebabaza) Waze wayiphela endlebeni Nkululeko. Ngakutshela ukuthi 5 okwakusihlanganisile sekwashabalala njengamazolo ebona ilanga. Ufunani manje?	
NKULULEKO:	(Umoya uthi ukuphakama.) Wakusho kalula lokho. Usukhohliwe yizimfihlo engizaziyo ngawe? Uyabona-ke Phinidisiwe njengoba ikhanda lakho liqine liwusimende lizothamba.	10
PHINDISIWE:	Lithanjiswe yini? Angithi kawufuni ukuzwa uma ngikutshela? Sengikhathele yile ndlela.	
NKULULEKO:	Imali ebengikondla ngayo, isikhathi engisichithe ngawe, ikusasa lami-ke, konke lokhu uthini ngakho?	
PHINDISIWE:	Mamo! Yishwa lami phela leli, uayazzi imihlolka kaMakhangela yilena ongitshela yona manje. Insumansumane uqobo lwayo. Uyajabula ngokukhala ngesikhathi, esami sona?	15
NKULULEKO:	Ukukhwela phezu kwendlu njengenja ngeke kukusize, ukwazi kahle engikhuluma ngakho.	
PHINDISIWE:	Kwamina ungichithela isikhathi ngeze leze. Sengikhathele, kade 20 ngikhuluma nawe kepha kubonakala ukuthi ngithela amanzi emhlane wedada nje. Uzongipiklela ngesikhathi siphi sona?	
NKULULEKO:	Kuhle-ke uma kunjalo. Ulibambe lingashoni. Usukhohliwe yiminyaka emithathu engiyichithe ejele <b>ngibhecwe ngobende ngingaludlanga</b> . Ngilahlekelwa yikhona konke ngenxa 25 yakho. Manje usuyangipiklela?	
PHINDISIWE:	Hhayi, Cha uyisona ngempela esathunywa ugwayi sabuya neboza. Nkululeko okwakufaka kwezimnyama kungenxa yokuthi kawulaleli. Ngangingakuphoqile ukuthi uyiggibe indaba, angithi sasithandana, ufunani manje?	30

NKULULEKO:	Mina ngifuna sibuyelane siqale impilo yethu kabusha ngoba ngisakuthanda. ( <i>Ngephimbo elisakuncenga.</i> )	
PHINDISIWE:	Isono lendalo kalimile belu liyaguquka. Iminyaka iyanyathelana. Nempilo kufanele ingemi ndawonye kepha iqhubeka. Ngalokho-ke nami ngahubeka. Nawe usuyoqhubeka nabanye ngoba kangisenaso isikhala sokugcina uthando lwakho, enginalo lwanele. Ngakho-ke ncenga nje mfowethu kuzolunga, uzomthola oyokuthanda futhi.	35
NKULULEKO:	( <i>Ngokufutheka</i> ) Kangicabangi ukuthi uyazizwa ukuthi uthini nokuthi ukhulumu nobani? Ungangihlanyisi Phindisiwe. Ngizokwenza into yamehlo. Ngingamane ngibuyelete ngiyodonsa isigwebo sokubulala wena uma ungangazi kahle.	40
PHINDISIWE:	Angithi yinto oyijwayele yokusoconga abantu, kuyobe kungaqali ngami. Ngingazi-ke ukuthi ngiyobe ngigoqe izandla yini uma ungisoconga? Kayikho-ke into engithusayo kulokho. Kufanele wazi ukuthi kuyona yonke imizi kunezibheva zakhona, uma ucabanga ukuthi nguwe wedwa ushaye phansi.	45

- 21.1 Shono isizathu esenza kube nodweshu ekuqaleni kwalesi siqeshana. (2)
- 21.2 Chaza ithoni etholakala enkulumeni yomlingiswa onguPhindisiwe. Bhekisa impendulo yakho kulesi siqeshana. (2)
- 21.3 Fingqa ngamaphuzu AMATHATHU isizinda salesi siqeshana. (3)
- 21.4 Xoxa kafushane ngesigameko esifihlelw umlingiswa onguPhindisiwe nguNkululeko ngokwakuzokwenzeka emuva kokutshontshwa kwemali yasebhange. (3)
- 21.5 Qhathanisa ukuvezwa komlingiswa onguMathonsi nomlingiswa onguThamsanya ngezenzo zabo zokuphatha amakhosikazi abo. (3)
- 21.6 Ucabanga ukuthi wawuzoba njani umphumela empilweni kaPhindisiwe ukuba akagqunywanga ejele? Sekela impendulo yakho. (2)
- 21.7 Chaza imbangela yokusetshenziswa kwamagama agqamile atholakala kulesi siqeshana. (2)
- 21.8 Ngokwakho ukucabanga ngabe umlingiswa onguKholekile kwakufanele yini ajikele uPhindisiwe? Sekela impendulo yakho. (3)
- 21.9 Uyavumelana yini nokuthi ukuba khona kukaNkululeko kuyithuthukisile indikimba yalo mdlalo? Sekela impendulo yakho. (2)
- 21.10 Uyazwelana nomlingiswa onguSarah mayelana nesimo abhekana naso sokungenelwa izigebengu zihamba noPhindisiwe? Sekela impendulo yakho. Yikuphi owawungakwenza ukube kwakunguwe obhekene nalesi simo? (3)  
[25]

**AMAMAKI ESIQEPU C:** 25  
**AMAMAKI ESEWONKE:** 80

